

Usuku olungumnqamulajuqu Iwabakhokhintela besikhashana, kubandakanya namathrasti, nguLwesithathu mhla zingama-24 Masingana 2024

Tshwane, 18 Masingana 2024 – Usuku olungumnqamulajuqu Iwabakhokhintela besikhashana kanye namathrasti angabakhokhintela besikhashana lokubuyisa amafomu abo emininingwane ngentela yemalingeniso labo lonyaka wentela wezi-2023, nguLwesithathu mhla zingama-24 Masingana 2024. Unyaka wokuhlolola wezi-2023 yisikhathi esiphakathi komhla lu-1 kuNdasa 2022 kuya kumhla zingama-28 kuNhlolanja 2023.

Umkhokhintela wesikhashana ngumuntu othola imalingeniso noma onemalingeniso eqongelelwayo, ngaphandle komholo. Ithrasti nayo iyangena ngaphansi kwencazelo "yomuntu" ngokoMthetho weMalingeniso, nombolo 58 wezi-1962 ngakho-ke ithathwa njengomkhokhintela.

Wonke amathrasti kudingeka ukuba athumele amafomu entela njalo ngonyaka, kubandakanya lawo angabambi iqhaza kwezomnotho. Umphatheli ngummeleli womkhokhintela weThrasti kanti futhi unomthwalo wokuthumela amafomu entela egameni leThrasti noma aqoke umsebenzi wentela obhalisiwe ukuba enze njalo.

UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) ngeke lubabekezelele abakhokhintela abangazibhalisele izintela ezisebenzayo kubo, abangawabuyisi amafomu entela, abangadaluli okuqondile lapho bebuyisa amafomu entela nabahlulekayo ukwenza izinkokhelo ezifanele kwaSARS lapho kufanele khona. Ukungathobeli lezi zibophezelo kuyicala lobugebengu kanti lizothwala izinhlawulo nenzalo.

Kusukela ngonyaka wokuhlolola wezi-2023, abaphatheli kudingeka ukuba bathumele amadokhumenti asekelayo ayimpoqo ngenkathi benza inqubo yokuthumela amafomu entela. Lawa madokhumenti phakathi kwavo kukhona, uMbhlobufakazi weThrasti, iziTatimende zeziMali zoNyaka, iziNcwadi zeziGunyazo, izinqumo/amamminithi emihlangano yabaphatheli kanjalo nohlaka lokwakheka kobuhlomulilifa beThrasti. Phezu kwalokho, abahlomuli bamaThrasti kudingeka ukuba badalule imalingeniso yabo, kubandakanya imalingeniso engene ngeThrasti, lapho begcwalisa amafomu abo entela yemalingeniso.

USARS usukwenze kwaba lula kubakhokhintela ukuba bathobele ngokubahlinzeka ngezisombululo zokubuyisa amafomu entela ngokusebenzia i-inthanethi. Ifomu lentela yemalingeniso lomuntu (i-ITR12) kanye nefomu lentela yemalingeniso yeThrasti (i-ITR12T) kungatholakala ku-eFiling kanti futhi ungabeka usuku lokuya egatsheni lakwaSARS ngokusebenzia isizindalwazi sakwaSARS. Abakhokhintela bayakhuthazwa ukuba babheke isizindalwazi sakwaSARS ukuze bathole olunye ulwazi mayelana nezibophezelo zabo zentela, [amaThrasti, isiKhathi seNtela sowezi-2023](#) kanjalo [nangeNtela yesiKhashana](#).

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za